4.5.2 Konke ukuxhumana kwangaphandle kukaMasipala kumele ukuba kuhunyushelwe kulolo limi olusemthethweni okufike ngalo, kuphela uma okuhunyushelwe esiNgisini kugcinwe ngenjongo yokugcina amarekhodi kamasipala kanye nezinkambiso zomthetho ezingahle zibe khona. UMasipala kumele azise ikhasimende ukuthi umbhalo wesiNgisi uzosetshenziswa ezinkambisweni zomthetho.

4.5.3 Wonke amabhukwana kamasipala okumele ukuba agcinwe njengamarekhodi kumele, ngenxa yezizathu zokuphatha, atholakale ngesiNgisi njengolimi lokugcina amarekhodi.

4.5.4 IsiNgisi kumele sisetshenziswe nguMasipala ngenhloso yokuxhumana emhlabeni wonke, kodwa uMasipala kumele enze ukuthi imisebenzi yokuhumusha iyatholakala mayelana nokuxhumana kwenhloso ethile ngolimi olukhethwa yilelo lizwe elithintekayo.

4.6 Abantu abakhubazeke ngokolimi

UMasipala kumele, uma ecelwa nalapho kunokwenzeka, ahlinzeke ngezidingo kulaba bantu abakhubazeke ngokolimi.

5. UKUBUYEKEZWA KWENQUBOMGOMO

5.1 UMasipala kumele avame ukwenza ucwaningo ngaphakathi nangaphandle kukaMasipala ukuze athole ulimi oluthandwayo nolwaziwayo ukuze athathe isinqumo mayelana nezidingo namakhono olimi eziphathimandla zikamasipala nawezakhamuzi zaseTshwane.

5.2 Le Yunithi Yolimi kumele isebenzise le miphumela yalolu cwaningo ngenhloso yokubuyekeza nokufaka imininingwane yakamuva kule nqubomgomo.

5.3 Le Yunithi Yolimi kumele ihlole ukusetshenziswa kwale nqubomgomo ngezikhathi ezithile ibuye ilungise okudinga ukulungiswa.

Ukuthola ulwazi oluthe xaxa mayelana neNqubomgomo Yolimi, xhumana no:
Landela Nyangintsimbi
Ucingo: 012 358 4762,
Isikhahlamezi: 012 358 7453 noma
Imeyili: landelan@tshwane.gov.za.

© 2005 FIFA TM

INQUBOMGOMO YOLIMI YOMKHANDLUDOLOBHA WASETSHWANE

Le ncwadi isihunyushelwe cishe kuzo zonke izilimi zomhlaba. Ungaya kunoma yiphi indawo emhlabeni futhi umlando wami ungawuthola ngolimi lwaleyo ndawo. Kodwa la kwelakithi itholakala ngesiNgisi kuphela. Ngifuna ukuba yingxenye yazo zonke izilimi ezweni lami. Ulimi lomuntu akufanele lushabalale. Yingakho ngikholelwa ekuhumusheni, ukuze sikwazi ukuphila ndawonye.

Amazwi alowo owayenguMongameli uNelson Mandela, ngesikhathi ebuzwa ukuthi kungani efuna incwadi ekhuluma ngomlando wakhe i-The Long Walk to Freedom ihunyushelwe kuzo zonke izilimi eziyishumi nomuvo zaseNingizimu Afrika, ucashunwe encwadini ka-Antjie Krog, esihloko sithi, A change of tongue.

Inqubomgomo yobuliminingi iyingxenye yoshintsho lweNingizimu Afrika ukuze ibe izwe lentando yeningi la abantu ababamba khona iqhaza kuyo. Abantu ngeke kulindeleke ukuba bathobele imithetho uma bengayiqondi.

Kristina Cunningham

1. ISINGENISO

UMkhandludolobha waseTshwane wamukela iNqubomgomo yawo Yolimi mhla zi-2 Agasti 2007. Inhloso yale Nqubomgomo ukusiza uMkhandludolobha ukufeza izinjongo zokuthi umphakathi ubambe iqhaza ngokusiza abahlali ukuthi bakwazi ukuxhumana kanye nokuthola imisebenzi ehlinzekwa ngumasipala ngolimi abaluqonda kangcono. Iphinde ibeke imihlahlandlela yokuthi fanele uMasipala alungenise kanjani uhlelo lobuliminingi ekuxhumaneni kwawo nomphakathi ukuqinisekisa ukuthi bonke abahlali bayakwazi ukuthola ulwazi kanye nemisebenzi ehlinzekwa ngumasipala.

2. UBUBANZI

Le nqubomgomo isebenza kubasebenzi bakaMasipala, abahlali boMkhandludolobha waseTshwane, abahlinzeka ngemisebenzi kanye nakunoma yisiphi isicelo esibhekiswe kuMasipala mayelana nokusetshenziswa kwezilimi kanye nemigomo yolimi.

3. IZINHLOSO ZENQUBOMGOMO YOLIMI

Izinhloso zeNqubomgomo Yolimi yilezi ezilandelayo -

- ukuthuthukisa ukusetshenziswa ngokulingana kwezilimi ezisemthethweni zoMkhandludolobha;
- ukwenza lula ukufinyelela emisebenzini ehlinzekwa ngumasipala kanye nasolwazini;
- ukuvikela ukwahlukahlukana ngezilimi kanye nokuthuthukisa ukuhlonishwa kobuliminingi kanye nobumbano ekwahlukaneni kwethu; kanye
- nokuqinisekisa ukusetshenziswa kobuliminingi njengethuluzi lokuphatha ngendlela efanele kanye nasezinhlelweni zokuxhumana ngaphakathi kuMasipala.

4. IZINCOMO NGENQUBOMGOMO

Yizincomo ezilandelayo ezenziwayo mayelana nokusetshenziswa kwezilimi kuMasipala:

4.1 Izilimi ezisemthethweni zaseTshwane

UMkhandludolobha waseTshwane wamukela **izilimi eziyisithupha** njengezisemthethweni, yilezi ezilandelayo:

- IsiBhunu
- IsiNgisi
- IsiPedi
- IsiTsonga;
- IsiTswana; kanye
- nesiZulu

UMasipala uzama ngakho konke okusemandleni ukusebenzisa ezinye izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kubandakanya Ulimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika nezincwadi zeBraille uma kufakwe isicelo futhi nesimo sivuma.

4.2 Ukuxhumana ngokomlomo kwangaphakathi

4.2.1 Kungasetshenziswa nanoma yiluphi ulimi olusemthethweni lukaMasipala ekuxhumaneni ngomlomo ngaphakathi eminyangweni kanye naphakathi kweminyango, uma nje bonke abathintekayo kuleso simo sokuxhumana beluqonda ulimi noma izilimi ezikhulunywayo.

4.2.2 IsiNgisi siphakanyiswe njengolimi lokusebenza ekuxhumaneni ngomlomo ngaphakathi eminyangweni kanye naphakathi kweminyango. Kungasetshenziswa nanoma yiluphi olunye ulimi olusemthethweni lukaMasipala, uma nje luqondwa yiwo wonke umuntu othintekayo kulokho kuxhumana.

4.2.3 Usizo lokutolika fanele luhlinzekwe uma kufakwa isicelo ukwenza kube lula ukuxhumana eMkhandlwini, Emihlanganweni Yokuhlela Idolobha kanye nasezithangamini zokuqondisa izigwegwe, kanye nakunoma yimiphi eminye imihlangano/imihlangano yokucobelelana ngolwazi/izinkomfa.

4.3 Ukuxhumana ngokomlomo kwangaphandle

UMasipala ekuxhumaneni ngokomlomo fanele uzabalazele ukusiza amakhasimende akhe ngolimi aluthandayo, uma isimo sivuma.

4.4 Ukuxhumana ngokubhala kwangaphakathi

4.4.1 Ukugqugquzela ukusebenza ngendlela efanele, isiNgisi ulimi lokusebenza lukaMasipala, futhi ukuhumushela kwezinye izilimi ezisemthethweni zikaMasipala kungahlinzekwa uma kufakwa isicelo.

4.4.2 Yize engekho umsebenzi kaMasipala ongavinjelwa ukusebenzisa ulimi olusemthethweni aluthandayo noma yingasiphi isikhathi, yonke imibhalo kamasipala edinga ukulondolozwa, ngezizathu zokuphatha ezifanele, fanele yenziwe itholakale ngolimi evele ngalo kanye nangesiNgisi njengolimi lokugcina amarekhodi.

4.4.3 Ukusetshenziswa kolimi olulula emibhalweni kamasipala yangaphakathi fanele kukhuthazwe ukwenza lula ukuqonda kanye nokwenza lula ukuxhumana.

4.5 Ukuxhumana ngokubhaliwe kwangaphandle

4.5.1 UMasipala fanele enze imizamo yokugqugquzela ubuliminingi kuwebhusayithi yawo kanye nasekushicilileni kwangaphandle ngokusebenzisa zonke izilimi ezisemthethweni zikaMasipala.